# *Ukukholwa*

. . . lelo culo futhi, *Kholwa Kuphela*. "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

2 Futhi asinayo lapha i—igumbi lokuhlala elanele ukuba sibe nebandla lethu elincane. Futhi lihlalisa kuphela cishe abantu abathi ababe amakhulu amabili, ngiqagele, noma kakhudlwana. Futhi siyaxolisa ukuthi abantu ufanele ame. Kodwa, ngizosheshisa, khona manje, no—nokuphawula kwami okumbalwa okufanele ngikwenze. Futhi ngizokhuleka ukuthi uNkulunkulu uzoninika konke eniza lapha ukukubona, kulobubusuku, nokuthola izinhliziyo zenu zigcwaliswe ngobuhle baKhe nesihawu saKhe. Ngokuba ngiyazi ngempela ukuthi leyo bekungaba yintando yaKhe yobuNkulunkulu, ukuba khona kube njalo.

3 Okokuqala engifuna ukukusho, ukuthi kuzokhunjulwa isikhathi eside ngalapha, ukuhamba kukaDadewethu uCasey. Nakuba esemdala, ngiyacabanga, le eminyakeni yakhe engamashumi ayisishiyagalombili, futhi njengoba usuku nosuku kuleliqhwa nemvula, lapho eya ebandleni likaNkulunkulu ophilayo. Ngobunye ubusuku kwaba yinhlanhla enkulu ukuma eduze ohlangothini lombhede wakhe lapho ehamba. Futhi ngathi, "Wena uyangazi na?" Futhi yena . . . angazi noma wayengazi noma qhabo. Kodwa lapho ngithi, "Wena uyamazi uJesu na?" Wanqekuzisa ikhanda, yebo, ukuthi wayemazi Yena. Ngajabula ukubiza abantwana bakhe, abazukulu bakhe, futhi, ngiyakholwa, ngisho nabazukulwana, ohlangothini lombhede, futhi ngithi, "Yileyondlela yokuhamba."

4 Emva kwakho konke, simelwe ukuhamba. "Kwabelwa umuntu ukuba afe kanye, nangemva kwalokho ukwahlulelwa." Bese kuthi-ke uDadewethu Hall . . .

5 UMfowethu William Hall, umelusi webandla iMilltown Baptisti, owayephendukele eNkosini, komunye wemihlangano maduzane, eminyakeni embalwa edlule, futhi waphukukiswa kumdlavuza onzima. Ngenkathi odokotela bethi, ababedlula bonke ongatholakala engxenyeni yakhe yezwe, kwase kuthi-ke udokotela eNew Albany wathi, "Yena uyafa." Futhi wenyukela lapha. Nomkakhe u . . . wangishayela ucingo, wayesethi, "Mfowethu Billy, uzoza ukhulekele uWill na? Ubulawa umdlavuza." Futhi sehla ukuyombona. Nomdlavuza wawungowesibindi, futhi wase usivuvukalisile isibindi sakhe nya, futhi waphenduka waba phuzi futhi wayesecishe aquleke impela. Futhi ngambuza ukuthi akananinga yini ukuthi ngingafonela umngani wami ongudokotela lapha edolobheni,

ukuba ngikhulume naye. Lowo kwakunguDokotela Sam Adair. Abaningi benu bayamazi.

6 NoDokotela Sam wathi, "Billy, yinye kuphela into okufanele uyenze, ukuthi umthumele eLouisville, kogogodele umdlavuza odumile." Futhi bamthumela ngaleya ukuze ayoxilongwa. Futhi, kusobala, udokotela laphaya akamtshelanga, ngakho-ke wafonela uDokotela Adair. NoDokotela Adair wangibiza, wayesethi, "Billy, umngane wakho ongumshumayeli uzobe esefile ezinsukwini ezine." Wathi, "Unezinye izinsuku ezine zokuphila," wathi, "ngoba umdlavuza usudle isibindi sakhe nya."

Ngathi, "Dokotela, akukho yini ongamenzela khona na?"

7 Wathi, "Billy, asikwazanga ukukhipha isibindi sakhe, futhi yena aphile." Futhi wathi, "Uma engumfundisi, ubefanele akulungele ukuhamba."

Ngathi, "Lokho, ngikholwa ukuthi unjalo."

8 Ngakho-ke kwaba yinto enzima kimi ukuthi ngiyotshela unkosikazi wakhe oyigugu ukuthi uMfowethu Will Hall wayezobe esefile ezinsukwini ezine. Umndeni wakwaWright lapha, ohlezi lapha, abangofakazi kukho, nabanye abaningi. Futhi lapho . . . ngehla futhi ngatshela uNkk. Hall, "UWill uzobe esefile ezinsukwini ezine. Udokotela uthi isibindi sakhe sidliwe nya wumdlavuza." Ngakho-ke ngiza ekhaya.

9 Futhi ngakusasa ekuseni . . . Inqwaba yabantu beza endlini, niyazi, futhi ngangifanele ngiphume isikhashana nje. Ngisanda kuphuma ohambweni olunjalo, ezansi eKentucky lapho engangizingela khona. Futhi ngangiyozingela izingwejeje ngalokhokusa. Ngangena kusesekuseni kakhulu, ngase ngibheka ngaphandle, futhi kwakungekho muntu emgwaqeni wezindiza endlini. Ngakho nga—ngahamba ngathatha isigqoko sami esidala nesibhamu esikhulu i .22, ngase ngiphuma.

10 Futhi ngabona i-aphula lilenga lapho, kwakuyi—i-aphula elibukeka lilibi kabi ukwedlula onke engake ngawabona. Ngacabanga, "UMeda ulubekeleni lolo hlobo lwe-aphula odongeni na?" Lishwabene futhi lidliwe izibungu. Futhi ngaqaphela ukuthi lalingalengi odongeni. Lalisemoyeni. Futhi ngaguqa ngiphethe isigqoko sami esidala nesibhamu esandleni sami. Futhi ngabona elinye i-aphula, nelinye i-aphula, kwaze kwaba ama-aphula amahlanu emi lapho. Kwase kuthi-ke i-aphula elikhulu elinemidwa ebomvu phakathi kulo, lehla futhi lenza ukumumatha okuhlanu okukhulu, futhi lavele lasika ama-aphula aba yizincwezu futhi lawagwinya. Futhi ngacabanga, "Kuyini lokhu na?"

11 Kwase kuthi-ke iNgelosi yeNkosi, enibona isithombe saYo lapho, yema ekamelweni yase ithi, "Hamba utshele uMfowethu Hall, ISHO KANJE INKOSI. Ngeke afe. Unezinyanga ezinhlanu egula manje, kodwa ezinsukwini ezinhlanu uzobe esephilile."

12 Ngokushesha, ngashayela uDokotela Adair, ngase ngithi, "Uzophila."

13 Wathi, "Billy, angaphila kanjani futhi isibindi sidleke saphela nya kuye na?"

14 Ngathi, "Angazi. Kodwa iNkosi isanda kusho ukuthi uzophila, futhi yilokho kuphela engikwaziyo." Futhi uyaphila namuhla.

15 Nomkakhe, ngiqagele cishe iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu noma amashumi ayisishiyagalombili ubudala, wathe shelele ukuba abe neNkosi, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi ngisesezansi eKentucky. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe, noDadewethu Casey, futhi. Bobabili kade bekuleli bandla futhi bahlanganyela nathi.

16 Wonke umuntu, kungakhathaleki ukuthi mncane kangakanani noma mdala kangakanani, noma ukuthi uphile saka kangakanani, kukhona usuku olulodwa lapho sonke sizoyohlangana noNkulunkulu. Singakulungiselela lokho.

17 Manje, kulobubusuku, ngi. . .ukuphawula okumbalwa nje okuvela eZwini likaNkulunkulu eliPhakade nelibusisiwe. Futhi ngingathanda ukufunda ingxenye nje yaLo lapha, etholakala eNcwadini kaMarku oNgcwele, esahlukweni 11 sikaMarku oNgcwele. Ngifuna ukukhuluma ngoku*Kholwa*, okwemizuzwana embalwa nje, ngoba abaningi benu umile, izitho zenu zizoba namajaqamba. Ngifuna ukuqala evesini lama 20. Ngifuna ukukufunda kusichazamazwi sokuqala sesiGreki ilexicon.

> *Kusasa, bedlula, babona umkhiwane ubunile kusukela ezimpandeni.*
>
> *UPetru ekhumbula wathi kuye, Nkosi, bheka, umkhiwane* owuqalekisileyo *ubunile.*
>
> . . .*UJesu waphendula* wathi *kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*
>
> *Ngiqinisile ngithi kini, Yilowo nalowo oyakuthi kulentaba, Wena*. . .*nqukuleka, futhi*. . .*phonseke elwandle; engangabazi enhliziyweni yakhe, kepha*. . . *akholwe ukuthi lokho akushoyo* kuzo*kwenzeka; uzakuba nakho akushoyo.*

18 Isithembiso esibusiseke kanje pho! "UkuKholwa kuNkulunkulu!" Kuyinto eshaqisayo kubantu abaningi. Futhi, nokho, sifanele sibe namahloni ngathi uqobo, ukuvuma ukuthi asinakho ukukholwa kuNkulunkulu.

19 Okokuqala, kunamagwala afa ukufa okuyizinkulungwaneni eziyishumi, eseselapha emhlabeni, futhi iqhawe alifi neze. Izinkumbulo zalo ziyalibala ngenxa yezenzo zalo ezinkulu zobuqhawe.

20 Futhi, ngokuvamile, abantu abanokukholwa ngabantu abanesehlakalo. Isehlakalo siletha ukukholwa. Ngicabanga ukuthi yingakho iBhayibheli lisifundisa . . .

21 UJesu wathi, kuJohane oNgcwele isahluko se 3, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angeke awuqonde umbuso kaNkulunkulu." Manje, lokho ngukucaphuna kwelasekuqaleni. Kuyi—yiKing James, Lathi, "Aka*boni*." Kodwa igama alisho "ukubona," njengokuthi wena ubuka ngamehlo akho. Kusho ukuqonda. Ngeke uwubone umbuso, noma kanjani. Ufanele uwuqonde. NoJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, kuqala, uyo . . . angeke awuqonde umbuso kaNkulunkulu." Ngakho-ke yi . . .

22 Kusifanele ukuba sibe nesahlakalo ngaphambi kokuba ukukholwa kuze kufeze okukhulu kakhulu. Ngakho-ke, abantu bebefanele basindiswe ngaphambi . . . okokuqala, beza kuNkulunkulu futhi bathole isehlakalo sensindiso, ngaphambi kokuba baye kuNkulunkulu mayelana nokuphulukiswa kwabo. Kufanele . . . Kuzo—kuzosebenza izimanga, uma nje ungakukholwa.

23 Manje qaphelani, izikhathi eziningi, emiBhalweni. Sithatha isigcawu esidala esidumile sakwa-Israyeli, lapho babesenkingeni. Kwavela impi phakathi kuka-Israyeli namaFilisti, futhi u-Israyeli wayesebuthene ngaleya kohlangothi lwegquma. Futhi impi yahlelwa, kodwa akekho owakwazi ukuya empini, ngoba, ngaphesheya kwegquma, isitha sasinomphikisi omkhulu.

24 Futhi njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje, ukuthi, lapho abantu bakaNkulunkulu beqala ukuyokwenza okuthize, isitha sihlale sinophosela inselele; akuphosele inselelo ngakho.

25 Nalesi esikhulu, cishe esandulela umlando, isiqhwaga sama lapho sineminwe engamayintshi ayishumi nane kuso. Nomkhonto esandleni sakhe, ongangenaliti yomeluki. Waphosela inselele noma yimuphi umuntu wakwa-Israyeli ukuba eze azolwa naye.

26 Yileyo ndlela isitha esenza ngayo, uma sicabanga ukuthi sinamandla. Asisoze sakwenza uma ebona ukukholwa okunqobayo. Kodwa sizokwenza kuphela uma sazi ukuthi sikusabisile. Yilapho-ke iBandla lingakwazi ukunyakaza khona, yilapho sesinenalithi yomeluki phezu kwakho.

27 Kodwa, ngenkathi, emabuthweni abakwa-Israyeli, uSawule, iqhawe elikhulu . . . Uma kwakukhona noma yimuphi umuntu ebuthweni lonke owayekulungele ukuhamba futhi alwe nalesi siqhwaga, kwakunguSawule. Okokuqala, wayeyiqhawe eliqeqeshwe kahle. Wayekwazi konke ukugwinciza, ukuthi uyigwacela kanjani imikhonto, nokuthi uyishaya ayiwise kanjani ngehawu lakhe. Futhi ngaphezu kwalokho,

wayeyikhanda namahlombe ngaphezu kwanoma iyiphi indoda ebuthweni lakhe. Wayekulungele kakhulu ukuqhathwa ngokomzimba, futhi wayengumqeqeshi wamadoda.

28 Kodwa njengoba kwakunjalo kuSawulu, ngalezozinsuku, sithola into efanayo ikhona namhlanje, phakathi kwabantu abaya esontweni. Abanye babo abayizazi eziqeqeshwe ngokwedlula zonke, banokukholwa okuncane kakhulu kuNkulunkulu, ngesinye isikhathi. Ingabe iPh.D ne D.D., futhi uzame ukukuchazela . . . Noma, uzame ukubalekela lona kanye iqiniso lokubhekana neZwi likaNkulunkulu, bazama ukulichaza liqhele, ngenye indlela. Futhi kuyiqiniso. Konke ukufundiswa kwethu, konke ukuqeqeshwa kwethu, akusifaki neze esimweni sokuhlangana nesitha. Kudingeka ukukholwa kuNkulunkulu, ukwenza lokho, futhi lokho kuphela. Kodwa uma siqaphela, ngenkathi lesi siqhwaga sasenza ukuqhosha kwaso okukhulu. Nalesisazi esikhulu sezenkolo, njengoba bekungaba njalo, sime lapho, siqeqeshwe kahle ukwazi ukuthi kuliwa kanjani, kodwa sasingakaze sibe nesahlakalo noNkulunkulu.

29 Futhi okudabukisayo kanjalo, namuhla, ukubona abesilisa nabesifazane, abake bahlala esontweni, bekhuliswe kulombhede wengane oyendezelayo, futhi balazi kahle iBhayibheli, kodwa nokho abakaze bahlangane nesahlakalo noNkulunkulu. Esikudingayo ukuthi sibuyele esimweni sangempela esithinta inhliziyo, ukwazi ukuthi unokukholwa kubani. Hhayi eminye imibhalo, kodwa uNkulunkulu weqiniso nophilayo Ophilayo manje.

30 Futhi lapho phakathi kwalokho, emuva le ngaleya, emva kwamasimu, uNkulunkulu wayenomfana omncane obomvana, ogama linguDavide. Wayelusa izimvu zikababa—baba wakhe. Futhi lapho esalusa izimvu zakhe, wathola isehlakalo esithile. Futhi kwakungubaba wakhe owamthuma emabuthweni, ukuba athathele abafowabo amaqebelengwane amakhiwane namaqebelengwane amagilebhisi omisiwe. Futhi ngenkathi esephezulu lapho, wabona lesisiqhwaga esikhulu siphuma futhi senza lokhu kugcona okukhulu, okubanzi.

31 Manje, uDavide omncane wayengalingani nhlobo. Okokuqala, wayengumfo omncane nje. Futhi into elandelayo, wayengumfo *obomvana*, okusho ukuthi "wayeyihhontshi encane," njengoba singakubiza kanjalo. Futhi wayengalingani nhlobo. Wayengakaze abe nenkemba esandleni sakhe, mhlawumbe wayengakaze aqukule isihlangu empilweni yakhe. Wayengazi lutho ngokuqeqeshwa kwezempi.

32 Kodwa kunento eyodwa ayeyazi. Wayemazi uNkulunkulu wakhe. Yileyonto esemqoka. Wayazi ukuthi Ubani ayekholwe nguye. Futhi ngakho-ke lapho isiqhwaga senza inselele yaso, uDavide wayazi enye into: okwakulungile nokungalungile.

33 Kwezinye izikhathi, thina esiya esontweni, akubonakali sinakho impela ubuhlakani bokomoya bokwazi umehluko. Uma sinakho, asenzi okwehlukile.

34 Kodwa wayazi ukuthi yini eyayilungile neyayingalungile. Wayazi ukuthi kwakungalungile kulowomFilisti ukudelela izimpi zikaNkulunkulu ophilayo. Ngakho-ke washo lawamazwi, "Niqonde ukungitshela, ukuthi nivumela lowomFilisti ongasokile ame lapho futhi adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?" Yeka ukukhuza ibutho eliqeqeshiwe!

35 Yeka ukukhuzwa okuyikho, namuhla, ngowesifazane othile owashayo omncane, mhlawumbe, ongabazi o-ABC bakhe, kodwa angamelana nomfundisi wasesontweni oqeqeshwe kahle othi izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi adelele amazwi akhe, ngokuthi, "Ngake ngakhubazeka, noma ngagula, futhi manje sengiphulukisiwe." Angahle angayazi yonke imininingilizo yesayense yezenkolo, kodwa uyamazi uNkulunkulu. Emva kwakho konke yilokho okudingekayo.

36 Futhi nango loDavide omncane obomvana, osemusha nje ezisonge ngejazi lakhe elincane lezimvu, wenyukela ebusweni balabobantu futhi wabenza baba namahloni ngabo. Wayesethi, "Nima lapho, impi eqeqeshiwe kaNkulunkulu ophilayo, futhi nivumele lowomFilisti adelele izimpi zikaNkulunkulu." Wathi, "Ngizohamba ngilwe naye, mina uqobo." O, ngiyawuthanda lowomoya wesibindi kuDavide.

37 Futhi uSawuli wazama ukumfundisa, futhi wamgqokisa ijazi lomfundisi wasesontweni, kodwa alizange limlingane. Wathi, "Susa lento kimi, angikwazi ukuthi 'ah-amen' ngendlela owenza ngayo. Kanjalo angiyazi isayense yakho yezenkolo. Ake ngihambe nalokho engiye ngaba nesahlakalo ngakho."

38 O, umfo wathi kimi esikhathini esithile esedlule. Wathi, "Mfowethu Branham, ukushumayela kwakho kuyize, ngokuba ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu."

39 Ngathi, "Lena yinto eyodwa, mfowethu. Awukafiki nje lapho esihambe khona. Yilokho kuphela. Ngoba usuphuze kakhulu ukusitshela manje. Sesivele sikutholile futhi sakufaka, emhlabeni jikelele, imvuselelo enkulu yokuthululwa kukaMoya oNgcwele, ukuveza izibonakaliso nezimangaliso, ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu ngalezi usuku lokugcina."

40 Nalomfo omncane wakhipha leziziqu ezindala kuye, waphumela laphaya, wayesethi, "Buka lapha, nakhu ukuthi kungani ngenyuka. Ngiyamazi Yena engimkholiwe."

41 USawulu wayengazi lutho ngalokho, nakuba wayeya esontweni njalo ngesabatha. Futhi wayengahle ukuba wenze zonke izinto zezenkolo ezenziwa yibo bonke, kodwa wayengakaze abe nesehlakalo.

42 Futhi kwenzekani na? UDavide wathi, “Lapho ngangeluse izimvu zikababa, laphaya lapho ngihamba ngehla emadlelweni aluhlaza futhi ngasemanzini acwebileyo, ngafunda ngoNkulunkulu owenza amazulu nomhlaba. Futhi ngangibhekene nokubheka izimvu zibaba wami ezimbalwa. Futhi ibhere lagijima langena lase libamba eyodwa, futhi ngalibulala. Futhi ingonyama yagijima yangena yase ibamba izinyane elilodwa, lase lithathela ngejubane, futhi ngalishaya ngalilahla phansi ngendwayimane yami. Futhi lapho liphakama, ngalibamba ngentshebe futhi ngalibulala.” Wathi, “UNkulunkulu owakhulula ibhere nengonyama, Uyomkhulula kangakanani umFilisti ongasokile esandleni sami.” Ngokuqinisekile, wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wayenokukholwa kuNkulunkulu. Wayekade ebe nesahlakalo, ukubone lokho uNkulunkulu ayeyokwenza, ngakho-ke wayazi ukuthi isehlakalo siyomthwala aye ekunqobeni.

43 O, eminyakeni kamuva, lapho eba yinkosi yakwa-Israyeli. Akungabazeki ukuthi uba yinkosi, ngeqhawe elinjalo. Ngenkathi eba yinkosi, waba nombono, “Mangakhe indlu yeNkosi.” Futhi lapho umprofethi uNathani, ngalobobusuku, wamkhipha futhi wayekhuluma naye.

44 INkosi yabonakala kuNathani. Yathi, “Hamba utshele inceku yaMi, uDavide, Ngiyazi ukuthi ubeyinto encane nje ebomvana. Ngiyazi ubegqoke ijazi lemvu. Kodwa ngamsusa kulelo jazi lemvu, futhi Ngamenza umbusi phezu kwabantu baMi, futhi ngimnika igama elinjengelamadoda amakhulu kulomhlaba.” Ukuthi uNkulunkulu wabubona kanjani lobobuqotho bokukholwa ukuMkholwa, phezu kwesehlakalo sokuthi WayenguNkulunkulu ophilayo.

45 Kwakuyinto encane kangakanani ku-Abrahama, ngemva kokuba ekhuthazele sengathi uyaMbona Owayengabonakali. Kanjani, emva kokuba esehlangene noNkulunkulu, futhi waba nesehlakalo sokukhuluma ubuso nobuso noNkulunkulu, ukuthi wayekwazi ukubiza lezozinto ezazingekho, njengokungathi zazikhona. Ngokuba, wayebe nesahlakalo. Wayekhulume noNkulunkulu, ubuso nobuso. Yilokho esikudingayo, isehlakalo somuntu siqu noNkulunkulu ophilayo.

46 Kanjani ukuthi uMose, emva kokuba ebe neminyaka engamashumi amane yokuqeqeshwa kwezenkolo ngunina, ukuthi waba kanjani neminyaka engamashumi amane yamandla empi ezandleni zakhe, ukuthi usibhaxabula kanjani isizwe, ukuthi unqoba kanjani, futhi kwakuthathe uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukukukhipha kuye. Kodwa wake waba ngaphandle lapho ehlane yedwa, ngolunye usuku, wabhekana ubuso nobuso noNkulunkulu, esihlahleni esivuthayo. Futhi wayesehlonyiswe kangcono, emizuzwini emihlanu, emva kokuba esekhulume noNkulunkulu, kunokuba neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili yesikole yayenze

noma yini kuye. Wayeyigwala, efa ukufa okuyinkulungwane. Futhi ngemva kokuhlangana noNkulunkulu, wafisa sengathi wayenezimpilo eziyinkulungwane zokufa, ngenxa kaKristu. Wayeselungele ukuhamba. Kwakungekho okwakungammisa, nakuba wayengenabutho, nakuba imfundo yakhe yayingamsizi ngalutho. Wayengakwazi ukulwa; wayengenazinkemba. Wayengenawo amaqhawe, noma yiziphi izinqola zokumsekela, ngokwazi kwezwe. Kodwa wayebhekane ubuso nobuso noNkulunkulu, nesehlakalo, owayeneziNgelosi ezihlomile zalo lonke iPhakade ukuba zime emva kwakhe. Futhi lapho uMose ehamba endleleni yakhe, ezansi kanye nomkakhe, isihlalo somnyuzi omdadlana, kanye nobuhwanqa obude bulengela phansi, ngikholwa ukuthi iziNgelosi eziyizinkulungwane eziyishumi eziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zagingqika kanye naye, ezansi kuleyo migwaqo ewubhuqu kanye naye. Waba nesehlakalo.

47 Kwakusezansi eDothani, ngesinye isikhathi, ngenkathi umfo osemusha, i—inceku yomprofethi, futhi yayehle naye eDothani. Futhi ngenkathi umprofethi elele, ibutho elikhulu lamaSiriya lafika futhi lahaqa, lihanqe ngasezindongeni ezinkulu zaseDothani. Futhi lapho evuka, ngakusasa ekuseni . . . Wayengakaze abe nesehlakalo. Wathi ku . . . lapho ebona impi enkulu, ibheka u-Eliya, yathi, "O, baba wami, zonke izimpi zibuthene zahaqa lapha. Bafuna wena."

48 Akuzange kumnyakazise lowomprofethi omdala, nakancane. Kungahle ukuthi bekungumdlavuza, kungahle ukuthi bekuyisifo sofuba, kungahle ukuthi bekungunhlangothi, kodwa akuzange kumnyakazise lowomprofethi. Wambuka, wayesethi, "Ndodana, baningi abanathi kunalabo abanabo."

Wathi, "Ngibona wena nami kuphela."

49 Wathi, "Vula amehlo akhe, Nkulunkulu, ukuze abone. Mnikeze isehlakalo." Futhi lapho amehlo akhe evuleka, wabheka, futhi zonke izintaba zazigcwele izinqola zamahhashi, nomlilo, namahhashi omlilo, kuzungeze lowo mprofethi omdala ongcwele. Waba nesehlakalo. Kwasekungasekho ukungabaza engqondweni yakhe-ke.

50 KwakunguSamsoni onomhlathi womnyuzi, owabulala inkulungwane yamaFilisti, ngoba wayebe nesehlakalo, ukuthi wazalwa ngokusha. Wayebe nesehlakalo, ukuthi wayengumNaziri, futhi uNkulunkulu waseZulwini wayenaye.

51 KwakunguFiliphu owayebone uJesu, ezehlakalweni zangaphambilini, owahamba futhi wathola uNathanayeli ngaleya ngemva kwentaba. Futhi wathi, "Woza, ubone ukuthi Ngubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

52 Futhi indoda, ingum-Orthodox impela, yathi, "Manje, ingabakhona yini into enhle evela eNazaretha na?"

53 Wathi, "Wozani nibone." Ngani na? Wayekade enoJesu. Wayazi ukuthi kwakukhona okuthile ngoMuntu, okwakungaphezu kokulingana nanoma yini udeveli ayengayimisa. O, lalelisisani.

54 Kwathi lapho bezungeza intaba, uFiliphu eseqala ukukhuluma, noNathanayeli ukhuluma naye. Futhi wathi kuye, "Manje, lapho ufika lapho . . . NgiMbonile. Ngenkathi uPetru ekhuphuka, futhi Akazange ngisho (akakaze) ambone uPetru, kuyo yonke impilo yaKhe. Kodwa ngenkathi efika lapho, Wathi, 'Igama lakho nguSimoni, futhi uyindodana kaJona.' Wayelazi igama lakhe, futhi wayemazi uyise." O, wayengeke akukholwe lokho. Kodwa uFiliphu wayeke waba naYe, ngakho-ke wayekwazi ukumncenga, ukuthi kwakungenzeka kanjani, ukuthi Wakwenza kanjani.

55 Ngakho-ke lapho ekhuphukela eBukhoneni bukaJesu waseNazaretha, wayesefikile-ke ukuzokholwa. Kwathi-ke lapho Embheka, Wathi kuye; Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wayesethi kuYe, "UNgaze nini, Rabi na?"

56 Futhi Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi uphansi kwesihlahla, Ngakubona."

Manje, kwammangaza. "Wayengakwenza kanjani Yena na?"

57 Kodwa, uFiliphu wayekwazi lokho, ukuncenga uNathanayeli, ukuthi kwakungenziwa, ngoba wayekade ebe nesehlakalo sokuba noJesu.

58 Uyazi, kukhona okuthize ngokuba noJesu, kukunikeza isehlakalo. Ukuba ngalapho Ekhona, ubuka umsebenzi waKhe, bese kuthi-ke lokho kukunika ukukholwa. Lapho unesehlakalo, kunikeza ukukholwa. Ukukholwa kuhamba ngesahlakalo sakho.

59 Manje ngokuqaphela lokhu, manje, lapho ekhuphuka, awu, singababona lapho beqala ukukhuluma omunye nomunye lapho bekhuphuka. Futhi Waqala ukumtshela okwakwenzeka, nokuthi wayengubani nokuthi uvelaphi, nakho konke ngakho. Kwase kuthi-ke ngokushesha lapho ethola isehlakalo . . . O, malibongwe iGama leNkosi! Lapho esethole isehlakalo, ukuthi isimangaliso sikaNkulunkulu sase senziwe kuye, khona-ke wayengawela ezinyaweni zaKhe, futhi athi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli." Kodwa kuqala kwakumele akubone kwenziwa. Wayengaba nokukholwa kuNkulunkulu, ngemva kokuba uNkulunkulu esezibonakalisile Yena uqobo. Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo.

60 Owesifazane uMfowethu Neville abefunda ngaye, kulobubusuku, eBhayibhelini, wayehlezi emthonjeni, noma ekha amanzi akhe emthonjeni. WayengumSamariya.

Wayefundiswe ukuthi kwakuza uMesiya owayezokwenza izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso. Wayazi kancane ngakho. Futhi lapho becwilisa ibhakede emthonjeni, ukuba akhe amanzi, uJesu wathi, "Ngiphuzise."

61 Wayesethi, "Ngani, Awunalutho ongakha ngalo. Futhi kungani Uzongicela amanzi na? Ubona ukuthi Wena u. . . umSamariya, okokuqala, asinakusebenzelana omunye nomunye."

62 Nokunye nokunye, ingxoxo yaqhubeka. Ngokuhamba kwesikhathi, nakhu okwenzekile, Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Khumbulani, okokuqala waphuma lapho ukuzoMgxeka, njengeJuda. Kodwa Wathi, "Hamba, ulande umyeni wakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

63 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nalena onayo manje akuyona indoda yakho."

64 Futhi ngokushesha, kwathi nje lokho kungenzeka, wadideka engqondweni yakhe. Khumbulani, wayeye esontweni elibandayo, lomthetho. Wayengazi ukuthi enzeni. Wathi, "Awu, manje, Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Ukuthi, siyazi lapho uMesiya efika, ukuthi Uzositshela lezizinto."

65 Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." O, isehlakalo esinje pho! "NginguYe okhuluma nawe."

66 Futhi wathini na? Wagijima waya emzini, enesehlakalo ayesibonile, ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Ngani na? Wayebone amandla esebenza kuYe, ayenze isimangaliso, amtshela ukuthi wayengubani, nokuthi sasikuphi isono sakhe, nokuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Ngakho-ke, wayengagijima bese ethi, "Qiniso, leyo yiNdodana kaNkulunkulu. Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini lo impela uMesiya na?"

67 Manje qaphelani futhi. Ngemizuzwana embalwa . . . Babekade benowesifazane owayenomopho. Wakhala, futhi wazama konke ukuba akwenze, ukuze asinde; akakwazanga ukukwenza. Wacindezela esixukwini, wase ethinta umphetho wengubo yaKhe, ngokuba wayekholwa. Manje ini na? "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Waphikelela, ngoba ukukholwa kuvela ngokuzwa. Wathinta ingubo yaKhe. Wayesethi, "Lokho kuyanganelisa. NgiMthintile." Futhi ubuyela phakathi esixukwini, ekholelwa enhliziyweni yakhe ukuthi kukhona okuzokwenzeka. O, ukuba abantu namuhla bebengathola lokho kuphela, bekholwa!

68 Futho lapho sekwenzekile, uJesu waphenduka wayesethi, "Ngubani oNgithintileyo na?"

69 Futhi uPetru wathi, "Bonke bayaKuthinta. Wena usholani ukuthi, 'Ngubani oNgithintile na?'"

70 Wathi, "Kodwa ngibe buthakathaka. Ngibuthakathaka kakhulu! Amandla, amandla okuqina ahambile kiMi. Ngibuthakathaka."

Futhi wathi, "Awu, ukwazi kanjani lokho na?"

71 Futhi Waqalaza, phezu kwesixuku. Wayecabanga ukuthi wayecashile. Wayesemuva laphaya, ecashe esixukwini. Futhi ngenkathi uJesu ephenduka futhi wambuka, Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, nokuthi wayesephulukisiwe. Kwase kuthi-ke kwakungukuthi, ukuthi angawela phansi ezinyaweni zaKhe futhi avume zonke izinto. Emva kokuba esebe nesehlakalo samandla Akhe amakhulu akakhulu, ukwembula kuye ukuthi wayeyithinte ingubo, hhayi kuYena kuphela, kodwa eyaKhe lowo ophila phakade, uNkulunkulu uSomandla. Impela, kwakunjalo.

72 Manje, kwakungabantu ngoSuku lwePhentekoste, ababengamagwala, futhi babesekamelweni eliphezulu. Iminyango yayivaliwe yonke. Babesaba amaJuda. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu efika, esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi wabhaphathiza yilowo nalowo waleloqembu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele noMlilo, kwaba lapho-ke bengangena khona esitaladini. Naleyondoda eyathuka eBukhoneni bukaJesu, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambili, yayingathi, "Nina madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nilalele amazwi ami, Laba kabadakiwe njengoba nicabanga, lokhu kuseyihora lesithathu lemini, kepha lokhu yilokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli." Impela, ngemva kokuba esebe nesehlakalo! Ngaphambi kokuba ebe nesehlakalo, wayebe nokukholwa ukukukholwa; kodwa ngemva kokufika kwesehlakalo, isehlakalo saletha imiphumela. Impela, sakwenza.

73 Manje, labobantu uJesu akhulume nabo, lapho, ngesihlahla. Manje qaphelani, umzuzwana nje manje, njengoba sivala. Njengoba Wayeza e. . . ephuma ethempelini ngolunye usuku. Wagijima wehlela esihlahleni, ukuthola ukuthi babengathola yini okudliwayo, kulesi sihlahla. Kwakungekho lutho lapho, ngoba isikhathi samakhiwane kwakungakabi yiso. Futhi Akatholanga lutho, ngakho-ke Wathi esihlahleni, "Akakho odlayo kuwe, kusukela manje. Akekho odlayo." Futhi ngosuku olulandelayo . . .

74 Abazange babone mehluko esihlahleni, khona lapho. Akuzange kubonise noma iyiphi imiphumela, noma yimiphi imiphumela ebonakalayo. Manje nakhu lapho engifuna nina nikuthole khona. Akuzange kubonise imiphumela. Kodwa Wathini na? "Akekho umuntu odla kuwe."

75 Futhi emahoreni angamashumi amabili nane, cishe emini kabha ngakusasa, badlula ngasesihlahleni esifanayo. Futhi phakathi lapho, baqaphela ukuthi isihlahla sase siqale ukubuna. Futhi uPetru wathi, "Bheka umuthi Owuqalekisileyo, usuvele ubunile kusukela ezimpandeni."

76 Manje, bhekisisani ukuthi uJesu wathini manje, njengoba sesivala. "Yibani nokukholwa kuNkulunkulu." Ini? Wababonisa amandla aKhe, kuqala. WaKubonisa emkhiwaneni, lokho Ayengakwenza. Ngoba, lapho Ecele uBaba noma yini, Wakholwa ukuthi Uyakwemukela lokho Akucelile. Khona-ke Wabatshela, "Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka, futhi usiphulwe futhi uphonseke elwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi lokho okushilo kuyafazeka, uzoba nakho okushoyo." Ingabe niyakuthola na? Lapha kusesichazamazwini ilexicon yesiGreki yasekuqaleni, niyabo. "Kholwa ukuthi okushoyo kuyakufezeka, ungaba nakho okushoyo. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa ukuthi lokho okucelayo, uyakwemukela, kholwa ukuthi sekwenzekile kakade, futhi ungaba nakho okushoyo."

77 Manje, mayelana "nentaba" enqukulwayo. Mhlawumbe uhlamvu olulodwa oluncane lwesihlabathi luqala ukunyakaza, kodwa, noma kanjani, emehlweni kaNkulunkulu, kwase kwenzekile kakade. Uma uzokholwa, kulobubusuku, ukuthi, akunandaba ukuthi yini engalungile ngawe, uma uzokholwa lapho ucela uNkulunkulu, ukuthi uyakuthola okushoyo, ungaba nakho okushoyo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

78 Kodwa, okokuqala, uNkulunkulu uzofanele Azifakazele kini, ukuthi U—UseyiNkosi uNkulunkulu ofanayo. Usenguye uJehova onamandla. Manje, uJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza."

79 Manje, kini lapha, kulobubusuku, etabernakele, ngenkathi sisaqala ukuba nomugqa womkhuleko, bangaki kini abebengasho lokhu: "Ukuba bengingabona uJesu Kristu enza izimangaliso ezifanayo, futhi enze into efanayo leyo Ayenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Mina, enhliziyweni yami, bengizomemukela uNkulunkulu, futhi ngikholwe ukuthi noma yini engalungile kimi, ibiyokwenzeka, ngokushesha nje lapho ngicela uNkulunkulu"? Ungakukholwa na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Yithi, "Nkulunkulu, ngizokholwa ngakho konke . . . " Akunandaba ukuthi kuyini.

80 Manje, akekho ongaphulukisa. Ukuphulukisa kuwumkhiqizo osuqediwe kaNkulunkulu. Uma noma yimuphi umuntu ekutshela ukuthi engakuphulukisa, uma engudokotela futhi engakutshela ukuthi angakuphulukisa, unephutha. Ngokuba, munye kuphela umphulukisi, lowo nguNkulunkulu. Udokotela anganikeza umuthi. Angafaka umuthi esilondeni,

ukuze abulale amagciwane kuso, ukuze sizosinda. Kwenzekani na? Umuthi awuphulukisi. Umuthi ususa kuphela amagciwane amabi, ubulala amagciwane amabi abulala amagciwane amahle, akubulalayo. Ngakho-ke, isayensi isebenza ngobuthi obuhlukene ababufaka ohlelweni lwakho, ukuze bufake ubuthi kumagciwane athile, angeke akufake ubuthi wena. Yilokho okwenziwa yisayensi. Yilokho umuthi oyikho, into ezobulala igciwane elithile, futhi ngeke kukubulale wena. Lezizibulali-magciwane abulala kokubili, ngezinga elikhulu kakhulu, ngakho ngakho-ke wona . . . Yingalesosizathu kunzima ukuwathatha, njengomjovo kazifozonke, ngezinye izikhathi ubulala umuntu.

81 Manje, udokotela angakwazi ukususa isiphazamiso. Angahlanganisa ithambo, kodwa angephulukise. UNkulunkulu nguYe ophulukisayo. UNkulunkulu ukhiqiza ikhalisiyamu. UNkulunkulu ukhiqiza u—ukuphindaphindeka kwamangqamuzana, ukwakha umzimba wakho ubuyele emuva, lapho besuse i-apendiksi noma into enjalo. UNkulunkulu nguye yedwa ophulukisayo.

82 Manje, uJesu wethembisa ukuthi Uzosiphulukisa. “Uma nicela noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza. Nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwamukela enikucelayo, niyakuba nakho.” Kungokwakho. Kholwa ukuthi kuyenzeka manje.

83 Manje, ngenkathi Eveza amandla aKhe amakhulu emhlabeni, manje, Akabaphulukisanga abantu waze uBaba waMbonisa kuqala ukuthi enzeni. UJohane 5:19. Wathi, “Uma nikholwa, zonke izinto ziyenzeka.” Bese kuthi-ke kuJohane oNgcwele 5:19, Wathi, “Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala. Noma yini uBaba aNgibonisa yona, neNdodana iyakwenza kanjalo.” Bangaki owazi ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? Nake nakufunda lokho eBhayibhelini na? Impela.

84 Manje, ngenkathi Esenze lokho, ohambweni lwaKhe lapha emhlabeni, Wakwenza emzini owodwa; baMkholwa. Baphulukiswa, izinkulungwane. Uya komunye umuzi, uyakwenza; bayakholwa. Yena uya emzini wangaKubo uQobo, ikhaya laKhe uQobo; nalapho Eseqale ukukwenza, bathi, “Ngubani loMuntu na? Wakutholaphi lokhu kuhlakanipha na? Ukwazi kanjani Ukwenza lezi zinto na? SiyaMazi.” NeBhayibheli lasho, ukuthi, “Imisebenzi eminingi yamandla Wayengeyenze, ngenxa yokungakholwa kwabo. Imisebenzi eminingi yamandla Wayengeyenze.”

85 Manje, ngiyakhuleka, uma kukhona isoni lapha, kulobubusuku, ukuthi uma ubona, uma Ezokwenza. Leli idolobha lakithi, futhi lena yindawo enzima kakhulu engake ngayilwa empilweni yami. Ngike ngaba namaLawu e-Afrika. Ngike ngaba seNdiya nemilingo yokuphilisa nakho konke

okunye, futhi ngaphonselwa inselele yizinyanga bathakathi zabo kanjalonjalo. Futhi angikaze ngizabalaze ukuba ngithole uMoya kaNkulunkulu ukuba usebenze, njengoba ngenza edolobheni lakithi. Kunjalo impela. Hhayi ngoba abantu abangithandi; ngoba, iBhayibheli liyiqiniso. "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, umprofethi ezweni lakubo uqobo, usezweni lakubo uqobo, uyahlonishwa, ngaphandle kokuthi kukuleyo ndawo." Kufanele kube ngaleyondlela.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisakhuleka.

86 O Nkosi ebusisiweyo, Owenza amazulu nomhlaba, wakudala ngesandla saKho uQobo esibusisiweyo, ngiyaKuncenga, Nkosi, ukuba ube nomusa nesihawu kithi, kulobubusuku, uthethelela izono zethu neziphambeko zethu. Ngikhuleka kuWe ukuba ube nomusa kulabo abagulayo nabaswele. Siphe khona, Nkosi. Futhi uma kukhona isono phakathi kwethu, O Nkulunkulu waPhakade, sithethelele.

87 Okwemizuzwana nje embalwa elandelayo, iZwi laKho kuphakathi kokuthi litholakala lilungile noma Litholakala linephutha. Kuphakathi kokuthi Litholakala liyiqiniso noma Lisephutheni. UNkulunkulu usenguNkulunkulu, noma imiBhalo inephutha. Futhi, Nkosi, ngishumayela lokhu, ngikukholwa, ngikubambe kuya kwelamanqamu, Nkosi, ukuya lapho okumele kube khona okuthize okwenzekayo. Kufanele kube. . . Kuphakathi kokuthi, uNkulunkulu ufanele aZibonakalise engokoqobo, noma abantu banelungelo lokuthi, "Ngifanele ngiqale ngikubone."

88 Kodwa, Nkosi, abantu bazalelwa esonweni, babunjwe ebubini, njengoba sinjalo sonke, beza emhlabeni bekhuluma amanga. Khona-ke siyazi, Nkosi, ukuthi uNkulunkulu onesihawu ngempela uzoba nomusa phezu kwethu, futhi uzosisiza, Nkulunkulu othandekayo. Siyakhuleka kulobubusuku kumuntu ngamunye lapha, ukuthi uMoya waKho uzohlala phezu kwabo, sithethelela izono zethu nezindlela zethu ezimbi. Futhi kwangathi singavuma iNkosi uJesu njengoMsindisi wethu obusisiwe njengamanje nje. Futhi kwangathi uMoya waKhe ungaba nomusa.

89 Manje, Baba, kulotshiwe eZwini, ngezindebe zeNkosi yethu uqobo ebusisiwe noMsindisi, iNdodana yaKho, okushiwo ngalendlela, "Izinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza. Okholwa yiMi, uyakwenza imisebenzi eNgiyenzayo. Kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona, nokho, niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." Wena wenza isethembiso sokuthi abantwana baka-Adamu abangakholwa abasoze besakwazi ukuKubona emva kokuthi Usuhambile emhlabeni, kodwa

ukuthi ikholwa liyoKubona emandleni nasekubonakalisweni, ezizukulwaneni zonke. Siyakukholwa lokho, Nkosi.

90 Futhi siyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina zesimiselo sesikhathi sabeZizwe, ukuthi sesizovalwa maduzane. Futhi Uye wavusa lemisebenzi yamandla, ukuze abeZizwe bangabi nazaba. Wena waba nesithombe saKho sithathwe kanye nathi, njengoba iNsika yoMlilo enkulu eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Futhi kanjani, kuyisimangaliso esingaka pho, nokubona Wena! Uma bekungaba nje yisithombe sodwa, "Si..." besingathi, "awu, kungahle ukuthi bekungu*kuthi-nokuthi*, nakuba ngisho izwe lesayense lithe kwakuyiqiniso." Kodwa uma sibona uMoya wehla futhi ubonakalisa, futhi wenza izinto ezifanayo Azenza, khona-ke sibophezelekile ukuKuqonda ukuthi kuyiNkosi evukileyo.

91 Sisize, kulobubusuku, Nkosi. Singabantu ababoshwe iPhakade. Sibhekise amakhanda ethu ngasothulini lapho Osithathe khona, futhi sisendleleni yethu ebuyayo, ngokushesha. Lesi sikhathi esincane sokulungiselela ngesemiphefumulo yethu. Yiba nomusa manje, Nkosi.

92 Futhi njengoba inceku yaKho imile, O Nkulunkulu, kanye ne...nginokukholwa ukukholwa ukuthi uNkulunkulu akanakuqamba amanga, ukuthi Uyosigcina isithembiso saKhe. Ufanele akwenze, ukuze abe nguNkulunkulu.

93 Nkosi, njengoba iminyaka yami igaqazela, futhi, angazi ukuthi ngisazohlala isikhathi eside kangakanani lapha. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzonginika izehlakalo ezinkulu, ezinkulu ngisho kunalokho osekwenziwe, uma kungenzeka, ukuze abantu bengazi futhi bezwe ukuthi iZwi eliphilayo likaNkulunkulu liyingxenye kaNkulunkulu. Futhi kwangathi wonke umuntu angabi nazaba, kulobubusuku, lapho sisuka lapha, uma bengafulathela Wena. Siphe khona. Sindisa imiphefumulo futhi uphulukise abagulayo. Ngokuba sikucela eGameni loMntwana waKho, iNkosi uJesu, uMsindisi wethu obusisiweyo. Amen.

94 Ngiyabonga ngokunaka kwenu. Ngiyazi ukuthi nginigcine nje i—isikhathi esidanyana. Ngiyalithanda nje leloZwi elihle elidala. Ngazalelwa kuLo. Ngifuna ukufa naLo. Indawo engifuna ukuya kuyo ilapha emva komsamo, njengokuya eKhaya ukuyohlangana noNkulunkulu. Uma benginezimpilo ezingamashumi amabili engizoziphila, noma izimpilo eziyikhulu, bengizofuna zonke zibe ngezeNkosi uJesu. Ngisho uma belingekho iZulu ebengingaya kulo, kamuva, bengisazofuna ukukhonza iNkosi uJesu, ukuze ngibe nokuthula nokwaneliseka enginakho ngokwazi ukuthi Yena uyaphila. Futhi ngoba Yena uyaphila, ngingaphila, nami.

95 Manje, uma ngime lapha, kulobubusuku, ukutshela leliqembu elincane labantu ukuthi benginamandla

okuphulukisa othile, ngi . . . beniyokwazi masinyane, noma abantu abazi iBhayibheli, ukwazi ukuthi ngiyobe ngikhohlisa. Anginawo amandla okuphulukisa. Kanjalo akekho umuntu emhlabeni onamandla okuphulukisa. KungoKristu kuphela, nokukholwa kwakho emsebenzini osuqediwe. Sonke isoni singasindiswa manje nje. Ngani na? Ngenxa yesizathu ukuthi uJesu uyehla futhi akusindise manje na? Qhabo. Ngoba Wakusindisa ngenkathi Efela wena eKalvari. Kwaqedwa, lonke icebo lensindiso, kanye nokuphulukiswa kwakho. Kuwukukholwa kwakho siqu kuNkulunkulu ophilayo.

96 Manje, ngime kanye neKorani esandleni esisodwa, neBhayibheli ngesinye, phambi kwamakhulu ezinkulungwane zabakaMohamede, futhi ngathi, "Omunye ufanele abe neqiniso, nomunye abe nephutha."

97 Akunandaba ukuthi indoda ithini, uma ingakwazi ukusekela lokho ekhuluma ngakho, iqamba amanga. Futhi uma uJesu Kristu wethembisa ukuthi iBandla laKhe liyokwenza into efanayo naYenza, futhi angeke akusekele, kukhona okungalungile; Wayengeyona iNdodana kaNkulunkulu. Kodwa uma Ezokweseka, khona-ke umhlaba awunazaba. Kunjalo. Ubophezelekile ukugcina iZwi laKhe.

98 Futhi ubophezelekile kuYe. Wena awuyena owakho. Wafa ukuze ahlenge wena. Futhi nguwe Akufunayo, ukuba ubuyele kuLowo okuhlengile.

99 Uma bengikwazi, kulobubusuku, bengingaphulukisa wonke umuntu ophakathi lapha. Anginawo amandla okwenza lokho. Indlela kuphela umfundisi abengakwenza ngayo: ukushumayela iZwi. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa iZwi."

100 Futhi iZwi liyasho futhi ukuthi kuyobakhona, ngezinsuku zokugcina, futhi phakathi nonyaka, unyaka weBandla, "Kuyoba khona, okokuqala abaphostoli," okuyizithunywa zenkolo, "okwesibili abaprofethi, emva kwalokho abafundisi, bese-ke kuba izipho ezahlukahlukene," ziyoba seBandleni, ukubonakalisa nokukhombisa uBukhona baKhe.

101 Manje, ukuphikisana kwami yilokhu. Uma kukhona izihambi lapha, angififiki ebandleni lami uqobo isikhathi eside ngokwanele ukwazi ukuthi ubani oza lapha. Leli yitabernakele elincane, nina zivakashi, lapho engine . . . ngakhuliswa khona, itabernakele lami lokuqala nelincane kuphela. Kukuleli dolobha lapha engihlale khona phakathi kwabantu. Uma uyisihambi kanye nathi, celani othile ngakuleli dolobha, uye embuthweni wamaphoyisa, kusodolobha wedolobha, nanoma ubani, futhi uthole ukuthi ukhona yini umKristu lapha owake wabona omunye waleyo mibono wake wehluleka. Ngeke wehluleke. NguNkulunkulu. Niyabo? NguNkulunkulu.

102 Futhi ngaleya ngqo emfuleni, eminingi, eminingi, eminyakeni eminingi edlule, lapho sasikade sibhaphathiza,

emvuselelweni yami yokuqala encane, lapho kwakukhona leNgelosi yeNkosi lapha yehla, futhi yalengela phezu kwalapho sasikhona. Futhi Yathi kimi, “LoMlayezo uzojikeleza umhlaba, futhi uzoqala imvuselelo ezoshanela umhlaba wonke, futhi ibe ngaphambi nje kokuFika kukaKristu, okwesibili.”

103 Futhi ngenkathi uMfowethu Davis, uDokotela Roy Davis, abaningi benu bayamazi, owangigcobela ebandleni, ebandleni leBaptisti. Lapho, wathi ngibe nephupho elibi. Bekuyokwenzeka kanjani mina, nginemfundo yebanga lesihlanu, ngihambe futhi ngishumayele emakhosini, amakhosi anamandla, namakhosi amakhulu, emhlabeni wonke na? Angikwazi ukukutshela. Kodwa uNkulunkulu washo njalo, futhi ngakukholwa. Futhi Uye wangivumela ukuba ngiphile ukuze ngikubone, ukuthi sekwenziwe. Futhi imvuselelo enkulu manje, yemililo yemvuselelo, ivutha kuwo wonke amagquma emhlabeni jikelele, ilindele ukuFika kweNkosi ebusisiwe.

104 Abanduleli abakhulu balezi zinto! Kukhona umgijimi omkhulu emhlabeni namuhla: ukuvangela, njengoBilly Graham; njengoJohane umBhaphathizi ophuma elima ezintweni, futhi ebeka imbazo empandeni yomuthi, engenzi zimangaliso; kanjalo noJohane. Kodwa walishumayela iZwi.

105 Kodwa, masinya emva kokuba esefikile, iNkosi uJesu; hhayi umshumayeli omkhulu kangako, kodwa enza izibonakaliso nezimanga, wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, uma ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi.” Wayesethi-ke, “Angenzi lutho ngokwaMi, kuphela eNgibona uBaba ekwenza.” Futhi yini Ayenza na? Watshela owesifazane ngezono zakhe. Watshela uFiliphu ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba uNathanayeli . . . uNathanayeli, lapho ayekhona, ngaphambi kokuba uFiliphu amthole ngaphansi komuthi, ekhuleka. Watshela uPetru ukuthi lalingubani igama lakhe. Watshela owesifazane onomopho, ngenkathi ethinta ingubo yaKhe, zonke lezizinto.

106 Futhi Wathi, “Lemisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza. Niyakukwenza eminingi, ngokuba ngiya kuBaba waMi.” Owesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, futhi Waba buthakathaka kakhulu. Akekho omunye owathintwa, ngokwazi kwethu. Yilokho kuphela esinakho, futhi iBhayibheli liyikho konke okwakufanele sidlule kukho. Kodwa manje siyakubona kwenziwa, isikhathi nesikhathi, ngezoni ezisindiswe ngomusa. Kungani na? Ngoba iZwi laKhe lathi, “Okungaphezu kwalokhu niyakukwenza.” Manje, Wafa. Ya, Wavuka futhi, futhi Uyaphila kulobubusuku.

107 Wathi, “Mina nginguMvini, nina ningamagatsha.” Umvini awutheli izithelo. Uhlanza amagatsha, namagatsha athela

izithelo. Akanazandla kodwa ezami nezakho. Akanamehlo kodwa awami nawakho, ngoba usebuyele kuMoya.

108 INsika yoMlilo eyahola abantwana bakwaIsrayeli, KwakuyiNgelosi yesiVumelwano, uJesu Kristu. IBhayibheli lasho njalo. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyakwazi lokho. Futhi Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu." Futhi Wabuyela kuNkulunkulu.

109 Wena uthi, "Wabuyela kuleyoNsika yoMlilo na?" Nakanjani. "Ingabe iBhayibheli lisho njalo na?" Yebo, mnumzane.

110 UPawulu, ngemva kancane kokuvuka kwaKhe, wahlangana naYe endleleni ezansi ebheke eDamaseku. Kwakuyilokho kuKhanya okufanayo okukhanyayo okwakhipha amehlo kaPawulu. Futhi akekho owaYibona ngaphandle kukaPawulu. Kwakungokwangempela kwabanye, futhi hhayi kwabanye.

111 Ngiyazi, ngesehlakalo, leyoNkosi uJesu efanayo ayi t-. . . amafidi amabili ukusuka lapho engimi khona manje. Kunjalo. Imibono iyeza futhi niyayibona.

112 Futhi Yayikhanya kakhulu yaze Yakhipha amehlo akhe. Wathi, "Nkosi! Nkosi!"

Wathi, "Ungihluphelani Mina, Pawulu na?"

Yena wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu," ukuKhanya.

113 NaNgu, ngezinsuku zokugcina, enza into efanayo, izithelo ezifanayo. Umoya uzozifakazela, isikhathi ngasinye. Uma Ezokwenza lokho, kulobubusuku, kulelibandla elincane, nisamile lapha nezinyawo ezibuhlungu nezitho! Ngiyakhuleka. Uzofanele akwenze kanye kuphela. Kanye bekuyokwanela.

114 Singabantu abaguduza ebumnyameni. Sifuna ukucabanga ngendlela ehlukile, kodwa akunjalo. Siyazibona lezozinto. UJesu wathi eBhayibhelini, noma iBhayibheli likhuluma ngaYe, lasho lokhu, "Banamehlo, kodwa ababoni; izindlebe kodwa abezwa. Nakuba Wayenze izimangaliso eziningi kangaka, nokho abaMkholwanga." Niyakubona engikuqondile na? Vuka manje, ngokushesha.

115 Uma iNkosi uJesu izokwenza lezizinto, khona-ke InguKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi Angasipha manje. Uma Ethanda, ngizoMbonga. Ngenkathi sisakhuleka.

116 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, manje okunye kwakho kusezandleni zaKho, Nkosi. Lona omncane, uMlayezo ophukile, ngobunzima. Abantu abanemimoya yabo bonke bakhathazekile, bemile, izinyawo ezibuhlungu, nabantu abagulayo bekhala, futhi kunzima kakhulu. Kodwa ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzothi ngandlela thize, ngandlela thize noma ngenye indlela, uyise uMlayezo omncane kubo,

ukuthi amadoda anokukholwa, okholwa ukuthi Wethembisa zonke izinto ziyenzeka.

117 Khona-ke, labo abathinta ingubo yeNkosi yethu, siyafundiswa eTestamenteni eLisha, ukuthi, "Yena usengumPristi oMkhulu ongathintwa imizwa yobuthakathaka bethu." Yena usengakhuluma. Yena usaphila. Futhi singumvini waKhe. . .noma amagatsha aKhe axhumene eMvinini. Khona-ke Woza, Moya oNgcwele, khuluma futhi usiphe ukuKhanya. Siphe ukuphulukiswa. Siphe ukuthethelelwa kwezono zethu, futhi usenze abantu baKho. Ngokuba lokhu sikucela eGameni likaJesu, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

118 Angazi ukuthi besingabamisa kanjani abantu abagulayo. Asikwazi ukumisa abaningi kakhulu ngesikhathi. Ake sibone. Amakhadi omkhuleko, ngabe nikwenzile nonke. . .Manje kunabanye abafana ababili abezayo ukuzonikezela ngamakhadi omkhuleko, uGene noLeo. Abakaze bafike. Futhi abazange bakhiphe amakhadi amaningi kakhulu. Ngicabanga ukuthi uBilly ukwenzile. . .Mangaki na? Ubenamashumi amahlanu kuphela. Awudingekile ukuba ube nalo. Kusobala, kukhona nje amanye, axutshwayo, singathola abambalwa phezulu lapha, ukuza—ukuza lapha. Manje, bekuyini, kusuka kwelokuqala kuya kwelamashumi amahlanu na? Ebesuka kwelokuqala kuye kwelamamashumi amahlanu. Bazokwenza kanjani na? Behla ngqo bese beshova amakhadi bawakhiphe, phakathi kwenu.

119 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .ukukhuluma nawe nje, ukuxhumana nje cishe impela. . .Lapha, sukuma nga *le* ndlela, ngoba ngikholwa ukuthi iphimbo alingeni kahle kakhulu kulemayikrofoni encane lapha. Uma uzo. . .

120 Uma uMoya oNgcwele uzokwembula lokho okuzela lapha, njengowesifazane emthonjeni, oza eNkosini uJesu. Futhi uJesu wathi, "Lezi zinto eNgizenzayo nani niyakuzenza." Futhi uma Ezokwembula okufunayo kuYe, noma yini oyifunayo, ukuthi inkathazo yakho iyini, ungakholwa ukuthi bekunguYe na? Ubuyokholwa. Bayokwazi ukuthi bekuyofanele kuvele emandleni angaphezu kwawemvelo. Manje uma inenekazi. . .

121 Uma bengingathi, "Nenekazi, ufuna—ufuna imali ethile ngoba wena—wena u. . .unesikweletu okufanele usikhokhe. Uzoyithola." Hhe! Yena ubezoba nelungelo lokukungabaza lokho. Uma bengingathi, "Uyagula futhi uzosinda." Ubezoba nelungelo lokukungabaza lokho. Ubengeke azi.

122 Kodwa ukuba-ke uMoya oNgcwele wehlela emuva ezansi lapho, futhi ukhombisa okuthize akade ekwenza na? Okuthize lokho uzokwazi ukuthi lokho kwakuyikho noma qha. Ubezoba ngumahluleli walokho. Niyabo? Makabe ngumahluleli. Niyabo?

"Manje, uthi wenzani, Mfowethu Branham na?"

123 Emva kokushumayela kanjalo, nasebandleni lami lasekhaya lapha, ngilindele lologcobo ukuba lwehle, lowoMoya oNgcwele

obusisiwe ukwenza ukugcoba. Futhi ngethemba ukuthi Yena uzokwenza, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

124 Manje makuthi inenekazi . . . Lilapha. Ligebise ikhanda lalo. Amehlo alo avaliwe. Lisemkhulekweni. Ngifuna ukhulekele noma yini oyifunayo. Futhi iNkosi iyakwembula, futhi wena ube ngumahlululeli.

125 Owesifazane, uma izethameli zisangalizwa iphimbo lami, uhlushwa yisimo esimangalisayo sokwethuka. Futhi ngibona udokotela enza okuthile. Ubeka i—into izungeze ingalo yakhe. Futhi uthi unomfutho wegazi ophakeme. Kunjalo. Akunjalo lokho, nenekazi na? [Udade, ekhala izinyembezi, uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Manje okuthile . . .

126 Nilizwile lelophimbo na? Bekungemina lowo. Bengingahlanganise lutho nalokho. Manje, lapho ngikhuluma kakhulu naye, kuzokwenzeka ngokwengeziwe. Bhekani nje manje, sizophinda sikhulume naye. Angazi ukuthi Uthe yini ebingalungile ngaye. Uma be . . . Obekuyikho, kuzoba semateyipini emuva lapho, niyabo. Kodwa, noma ngabe bekuyini, kuqinisile.

127 Manje ake sibheke kuye futhi. Yebo, ngiyambona manje esesimweni sokwethuka. Futhi okuthile akulungile ngegazi lakhe. Futhi akasuye owakulelidolobha. UngowaseLouisville. Futhi kamuva nje ubesesibhedlela, futhi bekungenxa yenyumoniya. Nodokotela wakhe umtshela ukuthi ufanele abe nokuhlolwa inqubekela phambili yakho, futhi ufanele abuyele futhi esibhedlela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo.

128 Kodwa awudingekile ukuthi ubuyele emuva, nenekazi. Ukukholwa kwakho kukusindisile. U—usuphulukisiwe manje, eGameni leNkosi uJesu. Manje, hamba futhi uphile. INkosi ikubusise.

Ingabe benginento eyodwa yokwenza nalokho na? Nakancu.

129 Manje, lapha kumi inenekazi engingakaze ngilibone empilweni yami. Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Ingabe siyizo na? Ungibonile, kodwa mhlawumbe angikaze ngikubone. Cishe ubukweminye imihlangano noma kwenye indawo. Manje, uma iNkosi uJesu izongazisa ukuthi uzele ini lapha, ubuyokwazi-ke, mina ngingakwazi, ukuthi kunendlela ethize enginayo yokwazi. Uzofanele wazi ukuthi kuvela ngokungaphezu kwemvelo. Khona-ke ubungacabanga ukuthi bekungaba yikho na? Into efanayo iBhayibheli elayisho, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo naphakade.

130 Ningakukholwa lokho zethameli na? Nasi isandla sami. Ngokwazi kwami, angikaze ngimbone lo wesifazane empilweni yami. Niyabo? Futhi ungibonile . . .

131 Kodwa angazi ukuthi ulapha ngani. Angazi lutho ngakho. A—a—angazi nje, kodwa uNkulunkulu uyazi. Manje, uma

iNkosi izokwembula, amen. Yilokho kuphela Ayengakwenza uma Eme lapha. Uma kungesikho okokuphulukisa noma yini enye, Ufuna nje ukuba ukukholwe, yilokho kuphela. Lokhu kungukubonakalisa ukuthi iZwi laKhe liyiqiniso. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.]

Kukhona okwenzekile ezethamelini ngaleso sikhathi. Yiba nokukholwa nje.

132 Manje kubonakala sengathi lapho. . .Manje ukuba ubungabona phakathi kwami nowesifazane. Wena uhlushwa ubuthakathaka. Unamalumbo abuthakathaka ngempela. Kunjalo. Ubuthakathaka obukhulu kakhulu nje; ukwethuka, ubuthakathaka. Kodwa leso akusona isizathu sakho sokuthi ulapha. Uzele omunye umuntu, futhi lowo yindoda. Ngumyeni wakho. Akakwazanga ukuza, ngoba unenkathazo enkulu yenhliziyo nokwethuka. Futhi awusiye owakuleli dolobha. Ungowasendaweni ebizwa ngokuthi iColumbia. EColumbia, eKentucky. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Igama lakho unguLottie Goodin. Igama lomyeni wakho, u-Elmer. Hamba uye ekhaya futhi ukuthole njengoba ukholiwe. Futhi kwangathi uNkulunkulu angakupha khona, eGameni leNkosi uJesu.

Kholwa nje. Yiba nokukholwa. Ungangabazi manje. Kholwa nje.

133 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mnumzane na? Manje, nanka amadoda amabili. Njengoba nje uFiliphu wahamba futhi wathola uNathanayeli, futhi wamletha eNkosini. Angikwazi, nawe awungazi. Kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Wena uyazi ukuthi kukhona okuqhubekayo khona manje. Niyabo? Ukuma phambi kwendoda bekungeke kukwenze uzizwe kanjalo, lowo muzwa othobekile, omnandi.

134 Manje, uma nje beningabona ukuKhanya okunyakazayo, kuhlezi phakathi kwami nendoda. Manje iyasuka kimi. Futhi ayizile lapha ngesingayo. Ilapha ngomunye umuntu, leso yisihlobo, umshana. Futhi usemibuthweni ehlomile, ebuthweni wasolwandle. [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Kodwa akakude nalapha. ["Qhabo, mnumzane."] Useduze kwendawo lapho okunenqwaba yezinto zamasosha. Yisibhedlela, futhi yiFort Knox. ["Yebo."] Futhi uyimpumputhe. ["Yebo."] Kubangelwa u—ukudubula kwesibhamu. ["Yebo."] Nodokotela uthi akukho themba ngaye. ["Yebo."] Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na? ["Yebo, mnumzane."] Manje-ke kwangathi kungaba ngokokukholwa kwakho, mfowethu. ["Udumo malube kuJesu!"] Futhi yemukela, eGameni leNkosi yethu uJesu. Amen. ["Udumo kuNkulunkulu!"] Uyakholwa na? ["Udumo kuNkulunkulu! Udumo. . ."] UNkulunkulu akubusise, mfowethu othandekayo. ["Malibongwe iGama likaJesu!"]

Wena, umuntu olandelayo. Sawubona? [Akuqoshwanga eteyipini.]

135 Uthandeka kanjani uMsindisi wethu obusisiwe, usezindaweni zonke kanjani—kanjani, kanjani ukuthi uJesu ofanayo owama eGalile!

136 Umzuzwana nje. Ngabe leyondoda, lapho, emsamo njengamanje? Bekuyiyiphi eyamadoda na? Leyo ndoda lapho na? Kulungile. Ungahlala phansi.

137 Yinenekazi khona lapha ekugcineni, eligqoke isigqoko esibomvu. Yebo. Wena ukhulekela umngane ohlulwa uphuzo. Kunjalo. Kulungile. Uma ungakholwa, ungemukela. Amen. Kulungile.

138 Uzokholwa na? Angikwazi. Angikaze ngikubone empilweni yami. Siyizihambi komunye nomunye. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu yaseZulwini izozibonakalisa Yona uqobo, emandleni aYo, futhi yembule ukuthi Iyiyo izolo, namuhla, naphakade, nizoYikholwa na? [Udade uthi, "NgiyaYikholwa."—Umhl.]

139 Ake sibone, ngabe laba abathathu noma . . . abantu noma . . . Sekube nokungaphezu kwalokho osedlulile, akunjalo na? Okuthathu kuyisiqinisekiso, kusobala. Kodwa, noma ngabe kuyini.

140 Uzele omunye umuntu. Leso yisifiso sakho esikhulu. Futhi lokho okomuntu. Futhi loyo muntu indodana yakho. Futhi inenkathazo yenhliziyo. Futhi ibe nohlobo oluthile lwento eyenzeka kuyo. Ngunhlangothi. Futhi kuyikhubaze ingxenye. Futhi nawe uyagula. Unesifo sethumbu elikhulu. Yisimo samathumbu. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

141 Futhi enye into, ngibona isithunywa sihamba sisuka endaweni siya endaweni. Qhabo. Bekungomunye ofika lapha etabernakele, esikhathini esithize esedlule, futhi wacelela wena umkhuleko, futhi iNkosi yakuphulukisa. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho. Uyakholwa ukuthi uyakuthola okucelayo na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Manje-ke kwangathi kungaba kuwe, dadewethu, njengoba iNkosi uJesu ihlinzekile. Amen.

Sawubona?

142 Ngabe wonke umuntu uyakholwa na? Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Manje yibani nokukholwa. Kwenzenjani?

143 Ngifanele nje ngikhulume lapha umzuzwana nje, uma nithanda, ngoba nginokuningi okufanele ngifinyelele kukho, futhi ngifuna nje ukuphumula nje umzuzwana. Awuqondi ukuthi lokho kwenzani kuwe. Kubi kabi kunokukhuleka- . . . Impela. Bangaki abakhumbulayo, umprofethi omkhulu uDaniyeli wabona umbono owodwa futhi wakhathazeka

ekhanda lakhe izinsuku eziningi na? Niyakhumbula na? Impela. Niyabo? Kungumusa waKhe kuphela.

144 Manje nina phandle lapho, ongekho emgqeni womkhuleko, qalani nje nibheke ngapha. Ngi . . . Wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho kungasiza na?" Impela. Cela nje iNkosi uJesu. Yithi, "Baba obusisiweyo, mangithinte ingubo yaKho. Futhi indlela kuphela engazi ngayo ukuthi Ungithintile, noma wangizwa, kungaba uma Uzokhuluma ngezindebe zaleyondoda futhi ungitshele engikucelayo, njengasenhla lapho emsamo. NgiyaKukholwa." Nina abangenawo amakhadi omkhuleko manje, khulekani futhi nikholwe ngaleyondlela. Ningangabazi. Yibni nokukholwa nje.

145 Manje, ngabe lesi yisiguli, Mfowethu Neville na? Lesi yisiguli na? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo, kunjalo."—Umhl.]

146 Bengingaqondile ukuniyeka nime lapho. Kodwa ku . . . Ungacabanga ukuthi kwenzekani. Ingabe siyizihambi komunye nomunye na? [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Siyizo. Manje makuxazululwe lokhu. Lo wesifazane uyisihambi kimi. Angimazi. Angikaze ngimbone, empilweni yami. Futhi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana. Kunjalo. ["Kunjalo."] Isikhathi sokuqala ukuba sibukane ngaso. Futhi ungowesifazane nje owenyukela lapha emsamo. Omunye umnike ikhadi lomkhuleko, futhi uvele wenyukela lapha emsamo. Yilokho kuphela engikwaziyo ngaye.

147 Kodwa iNkosi uJesu ingakwembula. Futhi uma Engakwembula, khona-ke Unguye izolo, namuhla, naphakade. Yilokho ncamashi Athembisa ukukwenza. Futhi uma lesosithembiso sigcwaliseka, Uyofeza zonke izithembiso Azenza. Futhi Wethembisa ukukuphulukisa uma ungakukholwa. Niyakubona engikuqondile manje na? Ngeke kwehluleke. Kufanele kube njalo. O, malibongwe iGama laKhe! Angeke nje ehluleke.

148 Uma iNkosi uJesu izongazisa obekukhona empilweni yakho, Izokwazi ngempela ukuthi kuzoba yini empilweni yakho. Yiba ngumahluleli walokho.

149 Bangaki abebengathi, "Ngizokholwa ngayo yonke inhliziyo yami, uma lowo wesifazane ezobamba izandla zakhe, nobabili nithi anikaze nihlangane ngaphambilini, neNkosi uJesu izokwembula, ngizokholwa"? Nge—ngenhliziyo yakho yonke, uzokwenza na?

150 UNkulunkulu akafuni thina sibe amavila. Ufuna thina sibe nokukholwa. Nakhu la sikhona, phambi kwepulpiti, iBhayibheli lilele lapha, futhi, sobabili, simi lapha.

151 Inenekazi lihlushwa isimo sokwethuka ngokwedlulele. Inkathazo yakho leyo. Kodwa lokho ocabanga ukuthi kuyikho, kuyinto ethize esesiswini sakho, ekunika igesi esiswini sakho. Yimizwa eyenza lokho. Kunjalo. Futhi unokuthile

okungalungile entanyeni yakho, nasemahlombe akho. Ngoba . . . Uya esontweni, futhi ungumKristu. Futhi ungumshayi wopiyano ebandleni lakho. Futhi lapho udlala upiyano, lokho kuhlushwa kukuphatha kabi uma udlala upiyano. Lowo ngu-USHO KANJE UMOYA. Yiqiniso lokho. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Futhi awusiye owakulelidolobha. ["Qhabo."] Kodwa ungowasedolobheni emfuleni. Futhi akusiyo iLouisville. YiCincinnati. ["Kunjalo."] ICincinnati, e-Ohio. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

152 Uyawubona lowomugqa na? Ukukholwa kushaye khona lapho nje, ngoba okwakhe . . . Lowomfo osemncane ohlezi ngaleya, izinwele ezithi azibe samagagasi, ungokuthile okuxhumene nawe. Yiqiniso lelo, nsizwa. Ukukholwa kwakho kuthinte okuthize. Uhlushwa isibhono. Kunjalo. Futhi nawe ungowaseCincinnati. Yiqiniso lelo. Uyakholwa na?

153 Inenekazi elincane liphakamise amahlombe alo, lihlezi khona lapha, linesigqoko esipinki, netshali ezisonge ngalo. Linenkathazo ngamehlo alo. Kunjalo. Futhi lingelaseCincinnati. Kunjalo. Ake ngikutshele. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Ukhulekela umyeni oseqala ukuphuza. Wayevamise ukuya esontweni futhi abe ngumKristu, kodwa usehlubukile, futhi uyaphuza manje. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Awu, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Ngakho-ke, kulungile.

154 Lelonenekazi elincane elihlezi eduze kwakho lapho, lihlushwa yisimo sokwethuka. Nalo lingelaphezulu lapho. Kodwa into oyidinga kakhulu kunakuqala . . . Uya esontweni, kodwa awukakabi ngumKristu wangempela nokho. Kunjalo. UzoMemukela manje yini njengoMsindisi wakho oqondene nawe, ngokuthi Yena ulapho na? Uma ukwenza, vayizelisa isandla sakho kuYe, manje Memukele. UNkulunkulu akubusise. Izono zakho zithethelelwe. Hamba ngokuthula, novalo lwakho seluphelile. Amen. Hamba uye ekhaya futhi ujabule, eGameni leNkosi.

Uyakholwa na? Konke kuyenzeka kulabo abakholwayo.

155 Manje ngizwe ukudlidlizela emuva lapho . . . hhayi ukudlidlizela, kodwa umoya othi ngifunda ingqondo yabo. Angikwenzi. Qaphela, lokho kuzoza kuwe.

156 Lapha, lendoda lapha, beka isandla sakho kwesami, mnumzane. Ngeke ngize ngikubheke ngisho. Uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho kumbe noma yini oyidingayo na? Uzokwenza na? Le ndoda elapha, uzokwenza na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Inkathazo yenhliziyo. Manje, hamba futhi uphulukiswe. INkosi uJesu iyakuphulukisa. Uma

ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungahamba futhi uphile. UNkulunkulu akubusise.

157 Woza. Manje, lelinenekazi lapha. Owesifazane unomoya wokufa phezu kwakhe, ngokuba unomdlavuza. Wena uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphulukisa, dade na? [Udade uthi, "Impela ngiyakholwa."—Umhl.]

158 O Nkulunkulu Othandekayo, Owenza amazulu nomhlaba, lona wesifazane omncane ompofu ubanjiwe ezindukwini zokuqhugela zikadeveli. Ithunzi elimnyama lilenga eduze, kodwa siphonsela inselele leli dimoni. EGameni leNkosi uJesu, phuma kowesifazane, futhi kwangathi angahamba futhi asinde, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

INkosi ikubusise, dadewethu. Hamba, futhi ungangabazi ngalutho.

159 Uma ungakholwa! Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje. IBhayibheli lathi, "Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka." Kodwa iyona ndlela kuphela okungenziwa ngayo.

160 Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane, kodwa iNkosi iyasazi sobabili. Uma Izongembulela lokho okhona lapha ngakho, uzokwemukela na? Unenkathazo yesisu.

161 Futhi enye into, uyisoni. Awukayamukeli iNkosi njengoMsindisi wakho. UzoYemukela njengoMsindisi wakho na? Phakamisela izandla zakho kuYo, Yemukele njengoMsindisi wakho, futhi ngiyakumemezela, eGameni likaKristu, uphulukisiwe ezinkathazweni zakho zesisu. Hamba ungabe usona. Amen.

Yiba nomusa, uNkulunkulu ophilayo!

162 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa kuleyonkathazo yenhliziyo na? Khona-ke phumela lapho futhi uphulukiswe, eGameni leNkosi uJesu.

163 Ngabe inenekazi elincane elihlezi lapha, eligqoke ijazi elimnyama, izibuko, unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo? Unokuthile okungalungile ezindlebeni zakho, ufuna ngikukhulekele. Futhi unenkathazo yezibilini, futhi. Ngabe kunjalo na? Kulungile. Sekuphelile manje. Hamba, ukholwe. Uma ungakholwa!

164 Ufunela othile umkhuleko, awunjalo na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Udade. ["Yebo, mnumzane."] Esikhungweni. ["Yebo, mnumzane."]

165 O Nkulunkulu waPhakade, thumela isibusiso saKho kumuntu, futhi kwangathi bangaphulukiswa. Siphe khona, O Nkosi, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Kuthole njengoba ukholiwe mfowethu. Ungangabazi.

166 Uma ungakholwa! Uyakholwa na? O, isikhathi esihle kangaka esingaba esabo bonke, uma ubungakwenza . . .

167 Kubonakala sengathi kukhona ukuKhanya okuzungeze owesifazane othi akabe nomzimba, engibuka, khona emuva *lapha*. Yinenekazi ngaphakathi. Kusuka kuye, ngoba lelinenekazi lisanda kuphulukiswa. Kodwa inenekazi elilandelayo linokuthize, uhlobo lomfutho wegazi, umfutho wegazi ophansi. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokusindisa, nenekazi na? Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka. Ingabe uyakukholwa, nenekazi, lelo eliqalaza ngapho na? Ukholwa nge. . . Uyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yebo. Uyakwamukela na? Kulungile. Ungahamba futhi usinde, eGameni leNkosi uJesu.

168 Indoda ehlezi khona *lapha*, ikhuleka. Ufuna ngikutshele ukuthi uthini na? "Nkosi, ngiphulukise kulesosifo samankanka." Kulungile. Yena uyakwenza, eGameni leNkosi uJesu, uma ungakholwa.

169 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosusa inkathazo yenhliziyo kuwe, ungahamba uphile na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.]

170 O Nkosi, thumela umusa waKho namandla, futhi ubusise lendoda empofu, Nkosi. Futhi uyisindise, ngeGama likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

Kukholwe manje. Ungangabazi. Zonke izinto ziyenzeka.

171 Isifo samathambo asiyona into embi kuNkulunkulu ukuba ayiphulukise. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na?

172 O Nkosi, ngiyakhuleka, ukuthi, eGameni likaJesu, ukuthi Uzothumela uMoya waKho phezu kwalo wesifazane othandekayo futhi umenze asinde ngokuphelele. Futhi kwangathi angaya ekhaya lakhe, ejabula, futhi asinde. Ungangabazi nakancane, kodwa ukholwa ukuthi kuyenzeka khona manje. Futhi yena uyakuba nalokho akukholiwe. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

173 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungathola lokho okucelayo, khona-ke.

174 Le emuva, ngaleya, ekhoneni, nanso iNgelosi yeNkosi imi emuva lapho, ukuKhanya. Uma ungakholwa! Wena lapho, cishe imigqa emithathu ngapha kwengemuva. Okukwedlula konke engingakubona ngilapha, kumayelana nomuntu wesibili phakathi; lowo okhulekayo emuva lapho, onenkathazo yamathumbu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Kulungile. Ungaba nakho okucelayo.

175 Beka izandla zakho kuleyo ndoda eseduze kwakho lapho. Ngokuba, iyakhuleka, inesimo sethansela. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho okucelayo. Amen.

176 Niyakholwa na? INkosi uJesu, khona kweyaYo. . . lesi sikhathi, ingenza nonke niphelele ngokuphelele, uma ningakukholwa. Niyakukholwa na? Khona-ke bekani

izandla zenu phezu komunye nomunye, umzuzu nje, futhi ngizonikhombisa inkazimulo yeNkosi.

177 Manje, kuphakathi kokuthi uMfowethu Wood, noma uBilly, oyedwa, ungithinta emhlane, engaziyo ukuthi sekuthi akube yisikhathi sokuthi ngeke bangivumele ngime isikhathi eside, ngoba amandla ami awasekho.

178 Ngithe, esikhashaneni nje esedlule, uma uNkulunkulu ubengeza futhi Engazibonakalisa, uma Engafakazisa, ngesehlakalo, ukuthi UyiNkosi uNkulunkulu, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke beningebe nasizathu sokungabaza; kanjalo bekungeke, eMlayezweni wami ebusuku, noma yimuphi walabo oke wabona uBukhona bukaNkulunkulu. UFiliphu wayengangabaza kanjani na? UNathanayeli wayengangabaza kanjani na? Wayengakwenza kanjani owesifazane onomopho na? Wayengengabaze. WayeMthintile, futhi Wayemembulele lokho ayethinte mayelana nakho.

179 Ningabheki ubungako besonto noma ukuthi libukeka kanjani. Ungabuki inhlangano yebandla encane, ngoba sonke singabantu abajwayelekile. Kodwa cabangani ngeNkosi ebusisiweyo, eBukhona baYo bulapha, Ezibonakalisa Yona uqobo iphila. UyaYikholwa khona manje, futhi ungaba nanoma yini oyicelayo, futhi ukholwe. Manje Engaphulukisa khona lapha ngokufanayo nje. UBukhona baKhe. . . Usuvele uphulukisiwe. Yinye kuphela into ekuvimbela ukuba ungawemukeli, lokho ngukungakholwa. Kususe lokho, khona manje. Ungabe ungasakukholwa; kulahle, futhi wemukele iNkosi uJesu njengomphulukisi wakho. Qaphela ukuthi kwenzekani. Phumani kulesisakhiwo, nijabula, ngoba khona manje niseBukhoneni beNkosi uJesu. Kungengenxa yokuthi wena ukuleli tabernakele, kodwa ngenxa yokuthi Uzile futhi wasivakashela. Kungengenxa yokuthi ngingumshumayeli, noma lona. . . noma uMfowethu Neville wami, noma yimuphi walawa amanye amaKristu, hhayi ubukhona bethu, kodwa nguBukhona baKhe. Alinaphutha. YiBhayibheli. YiQiniso. Malibongwe iGama laKhe!

180 Naphezu kokuthi Ethi, "Ezweni lakithi uqobo, phakathi kwabantu bakithi uqobo," umusa ukweqile, kulobubusuku, ngenxa yokusondela kwesikhathi. Isiphetho sesiseduze. Yena wethembisa ukuthi ngenkathi lezizinto ziqala ukwenzeka, ukuthi isikhathi sokuphela sase siseduze.

181 Kukholweni manje ngisakhuleka. IBhayibheli lathi, "Umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu." Ngakho-ke asikhuleke, njengoba nikhulekelana, njengoba nibeka izandla phezu komunye nomunye.

182 Nkosi, Wena ube yindawo yethu yokucasha ezizukulwaneni zonke. Wena ube yisiphephelo sethu. Sekuyisikhathi eside silindile kuWena. Sekuyisikhathi eside leli bandla

lamaprotestani lalangezelela ukubona usuku lapho liyoma khona ngezinyawo zalo. Lapho iqeqebana eliphushelwe ohlangothini olulodwa, ngoba belingefune ukudlelana nokungakholwa kwabangakholwayo abazibophele ejokeni ndawonye. Futhi baphonsela inselele yabo yokuthi lowoMlilo omncane oqala ukuwa, eminyakeni embalwa edlule, ekugcineni uzocisha. Kodwa, o, sijabula kakhulu ngoKaputeni wethu omkhulu, uDavid, omi phakathi kwethu kulobubusuku, futhi ephonsela isitha inselele.

183 O Nkosi Nkulunkulu, singakhulekela lomkhuleko wokukholwa kuwo wonke umuntu lapha. Bazise, ngawo kanye lomzuzu, ukuthi uBukhona baKho obukhulu bulapha, ukushanela phezu kwazo zonke lezi zethameli futhi uphulukise wonke umuntu. O Moya oNgcwele omkhulu, zonke izinhliziyo zingajabula kakhulu ngalomzuzu, njengoba Ebabhaphathiza eBukhoneni obukhulu bukaMoya oNgcwele.

184 O, Sathane, unqotshiwe. Phuma kulendawo futhi uphume kubantu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi wonke umuntu angaphulukiswa.

185 O Nkulunkulu waPhakade nobusisiweyo, siphe lezi zinto ngeGama likaJesu Kristu.

186 Wonke umuntu okholwayo ukuthi niphulukisiwe, yimani ngezinyawo zenu futhi ninike uNkulunkulu udumo. Ngiyabonga, futhi iNkosi uNkulunkulu inibusise! Mfowethu Neville.

